**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LEBHULOHO KU-D1357 EMPENDLE MHLAKA 27 SEPTEMBER 2008.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Namhlanje wusuku olukhulu emphakathini waseMpendle nasesiFundeni saseMgungundlovu sonkana. Imizamo kahulumeni wethu yokulwa nobubha isiyaziwa ezweni lonke manje.

- Kule minyaka edlule uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ulokhu uyivula njalo iminyango yezomnotho ngokusebenzisa izinhlelo zawo zodumo ezilwa nobuphofu ezindaweni zasemakhaya.

- Ukuvulwa nokuphendulwa kwamasoyi emigwaqo namabhuloho esikwenzayo esifundazweni sonke kufakazela kona ukuthi ngempela sinomsebenzi obalulekile esibhekene nawo wokuguqula izimpilo zabantu baKwaZulu-Natal.

- Kodwa, ngithanda ukugcizelela ukuthi uma siletha le misebenzi sikwenzela umphakathi ngaphandle kokubheka ukuthi ngowaliphi iqembu lepolitiki. Ngiyazi ukuthi umsebenzi usuvele usuqalile kodwa umgomo kahulumeni wethu uthi uma kwakhiwa kumele imali isale kubantu bendawo. Nalapha kumele kube njalo.

- Sengiyazi ukuthi kwezinye izindawo kunezikhulu ezisebenzisa ipolitiki ekuqasheni abantu kule misebenzi esiyilethayo. Kodwa ngifuna ukunixwayisa nani njengomphakathi ukuthi ningavumi ukusetshenziswa ngosopolitiki nezisebenzi zikahulumeni ezisebenzisa ubuthaka benu ukuzihlomulisa zona kwezepolitiki.

- Ngenkathi kungena uhulumeni wentando yeningi ngo-1994, inselelo esibhekane nayo akubanga nje ukulungisa ukungalingani kwaphambilini kuphela, kodwa kudingeke sibhekane nezinselelo ezilethwa ubugebengu, ingculazi, ububha nokunye. Yingakho sibe sesizibekela umgomo wokuthi senze impilo engcono kubantu bonke.

- Nokho-ke, impilo engcono ayikwazi ukuvele iqhamuke ngaphandle kwesisekelo. Kumele isekeleke ngaphansi kwezimo ezithile okuwuxolo, intando yeningi nentuthuko.

- Yingakho-ke umuntu ejabula ngokuba yingxenye yalo mcimbi wokuhlatshwa kwesoyi lebhuloho eMkhomazi ku-D1357. Ekwakhiweni kwaleli bhuloho kuzodaleka amathuba emisebenzi esikhathini esifinyelela ezinyangeni eziyishumi.

- Ilinganiselwa ku-R8,5 million imali ezodliwa yilo msebenzi webhuloho elingu-50m ubude, ngokwezindleko zokwakha zamanje. Leli bhuloho lizoxhumanisa imiphakathi yaseLotheni naseMpendle phakathi kwemigwaqo u-P27 no-P127.

- Ibhuloho elincane elikhona limbozwa ngamanzi kalula uma kunezimvula ehlobo, okwenza ingakwazi ukuxhumana imiphakathi emibili. Lokhu kuholela ekutheni bahambe ngezinye izindlela okuthatha ibanga elide. Ehlobo izingane zesikole zigcina zingayanga esikoleni ngenxa yokwenyuka kwezinga lamanzi.

- Ngaphandle kokufaka imali kuleli bhuloho, uMnyango utshale uR6,12 million ngonyaka wezimali odlule ekwakheni nokulungisa ubhuqu emigwaqeni yasemakhaya kumasipala waseMpendle. Lapha kuhlanganisa ukwakhiwa kwemigwaqo uBhidla Road noMbala Road kanye nokulungiswa kobhuqu kuP127; uD1226; uP127-2; uD1221 noP27-3.

- Ngalo nyaka wezimali ka-2008/09, sifake uR4,15 million kulo masipala ekwakheni nokulungisa ubhuqu emigwaqeni yasemakhaya. Lapha sikhuluma ngokwakhiwa kwemigwaqo uMhlophe Road noKhetha Road kanye nokulungiswa kobhuqu kuD1234 noP130.

- Usuku nosuku, eMnyangweni sihlale sibheka izindlela zokubhekana nezinselelo ezintsha: Sesenze kwaba lula kubantu besifazane nezingane ukuba bafinyelele ezikoleni nasemitholampilo. Lokhu kukodwa nje kuchaza kahle ukuthi yini elindeleke kwintando yeningi – UMGWAQO, INTUTHUKO NOKUTHULA. Yikuphi ukuvikela ababuthaka okudlula lokhu?

- Kuyintokozo ukusho ukuthi kulesiFunda sinemigwaqo eminingi egcinwa isesimweni ngohlelo lwethu lokulwa nobubha uZibambele. Lolu hlelo seluqashe osonkontileka abangaphezulu kuka-3 200 esiFundeni saseMgungundlovu. Kulo nyaka wezimali sifake imali engu-R18 million kulolu hlelo. Labo mama sebesungule amaqembu okonga esithi, ama-savings clubs, angu-23 kanti sebekwaze ukonga u-R1,2 million kuze kube manje.

- Mangigcine, ngokuhalalisela umphakathi waseMgungundlovu ngentuthuko yemigwaqo namabhuloho asebakhelwe wona nabasazokwakhelwa wona.

**Ngiyabonga.**